

# 4. ISANDULELO NGOSIHLALO WEBHODI

Kungithokozisa kakhulu ukwethula uMbiko ka-18/19 walesi Sikhungo esihamba phambili woMnyango WeSayensi Nobichwepheshe (DST). Ngifisa ukubonga umsebenzi obalulekile owenziwe yiBhodi elandulela leli, abaphathi bakaSANSA nabasebenzi kanye noNgqongqoshe owandulele lo okhona nethimba lakhe kwaDST.

Ukuthatha izintambo njengoSihlalo weBhodi leSouth African Space Agency ngalesi sikhathi, lapho umkhakha wezasemkhathini emhlabeni wonke uthuthuka khona ngokushesha, nangesikhathi lapho iNingizimu Afrika ifuna ngokukhuthala ukuzibeka endaweni yokuba yizwe elincintisanayo emhlabeni eNguqukweni Yesine Kwezezimboni (4IR), kwethula ugqozi namathuba amakhulu.

Ngihlala ngikhuthazeka ngamagalelo ansuku zonke eTeam SANSA, ekunikezeni izinkonzo nemikhiqizo yasemkhathini okunomthelela omuhle ezimpilweni zezakhamuzi. Lezi zinto zifezeka ngenxa yokunikezelwa kwemikhiqizo esezingeni eliphezulu futhi ebalulekeke kakhulu ephuma nsukuzonke ezizindeni zethu zaseHartebeeshoek, ePitoli naseHermanus, eyakha imali ekhulisa izikhwama zethu eziya ngokuya zincipha. Phezu kwezimo ezikhona zokuncishelwa yizinsiza-kusebenza, uSANSA uthatha amanyathelo abalulekile ekukhuliseni ulwazi namakhono abantu okusekela ucwaningo lwethu lwesayensi kulo mkhakha obalulekile.

Ngalo nyaka odlule, phakathi kokuningi esiphumelele ukukwenza, isiKhungo sithole ukunconywa kwamakhono ethu kwezasemkhathini angaphakathi ngokukhethwa yi-International Civil Aviation Organisation ukuthi ube yi-Space Weather Regional Warning Centre, ukunikeza izinkonzo zesimo sezulu emkhakheni weZokundiza emhlabeni wonke. Lolu lwazi luyobuye lukwazi ukutholakala nakwabanye abaludingayo ngaphakathi ezweni nabathintekayo kuHulumeni ukuze kuqinisekiswe ukuphepha kwezwe nokufinyelela ezinkonzweni ngaphandle kokuvimbeka.

IsiKhungo sisendleleni yokuphothula izinhlelo zokubamba iNgqungquthela Yezokusebenza Emkhathini enkulu kunazo zonke, i-Space Ops 2020, ezobe iza e-Afrika okokuqala ngqa ngonyaka ozayo, kulandela indlela yokukhetha ebiqine kakhulu. Amaqembu asebenza ngokungakhathali ukuqinisekisa ukuthi abazohambela le ngqungquthela bezwe futhi babone abangasoze bakukhohlwa nokuyobanothisa kakhulu, ngalokho kubekeke ikhono leNingizimu Afrika kwezasemkhathini phambili.

Ukuthuthuka ekhonweni lethu lokuphatha labo abaneqhaza kwenze ukuba iBhodi lixoxisane nabasebenzi, abezimboni ababambe iqhaza kanye nabakuHulumeni ukuze kuxoxwe ngeqhaza likaSANSA ngenkathi siqinisa ukubambisana kuzo zonke izinhlaka zababamba iqhaza. Lokhu kubalulekile ngenkathi sakha indlela-su entsha yokusebenza ngokunenzuzo enhlanganweni, sibheka imikhakha kaHulumeni eyehlukahlukene ethintana nomkhathi ngezindlela ezehlukene kanye nokuhambisa nokubambisana okudingekayo ekuphatheni izinkambo zasemkhathini, njengokuthunyelwa okunempumelelo kukaZACube-2.

NjengeBhodi sihlala sizihlupha ngokuphendula imibuzo elandelayo: Yiliphi iqhaza okufanele uSANSA alibambe ukuze aqinisekise ukuthi uyayifeza injongo yakhe, ebe enza okuthile ngezinselelo zethu zesimo somnotho emphakathi; futhi yimaphi amasu akhona esingasekela ngawo uSANSA ngokwenele ngezimali? Lokhu kusekelwe ukukholwa kwethu ukuthi uSANSA oxhaswe ngezimali ngokuyikho ubaluleke kakhulu ekuqinisekiseni ukuthi sithatha iNingizimu Afrika siyibeke phambili ebuchwepheshenі bezomkhathi, ulwazi nenguquko yesine kwezezimboni. Ngilangazelela ukwabelana nani ngempumelelo eningi ngokwengeziwe onyakeni wezezimali ozayo.

**Ms Xoliswa Kakana**
USihlalo weBhodi.




# 5. UMBIKO-JIKELELE WESIKHULU ESIPHEZULU

Ngonyaka Wezezimali ka-2018/19 isiKhungo sisondele kakhudlwana ekufezeni Uhlelo lwaso Lokusebenza lwamanje (2015-2020), ngokuhlala sithola imibiko yabaphenyi-zimali engenagcobho kanye nokufinyelela ngezinga elingaphezu kuka-80% ezinjongweni zonyaka nonyaka. Lokhu kungubufakazi ngabantu ababazekayo abasebenza esiKhungweni abenza okungaphezulu kokudingwa umsebenzi ojwayelekile phezu kokuba sinezinsiza eziyingcosane kakhulu. Ngithatha leli thuba lokunibonga ngamunye nonke ngokwenza uSANSA abe yindawo okuhle kangaka ukuba kuyo. Indlela yokwelusa nokukhombisa amasu okusebenza enikezwe yiBhodi likaSANSA nayo inikeze umfutho obalulekile ekuyeni esahlukweni esisha empilweni yesiKhungo futhi ngilibonga ngokungazenzisi iBhodi ngalo mnikelo obalulekile nokweseka, kanye nokuba yingxenye yeqembu elimangalisayo elisondeza izixazululo zokwasemkhathini kubantu bezwe lethu.

Nakuba ukusebenza kwethu kwanelisile, lokhu kufanele kubukwe ngeso lesimo sokwezimali esingesihle isiKhungo ebesisebenza ngaphansi kwaso. Izinga lezimali elifakwe wimnyango wezezimali belingaphansi kwalokho okufanele, obekuhambisana nemithelela elandelayo:

- USANSA akakwazanga ukufeza ngokugcwele umsebenzi obulindelwe kuye okwenze ukuthi imikhakha okufanele kugxilwe kuyo kwezezinkonzo ze-satellite yezinkambo emhlabeni wonke nokuxhumana nge-satellite kungaqhakanjiswa esigabeni esiyisisekelo.
- USANSA akakakwazi ukunikeza ukweseka okulindelwe kuye emkhakheni obanzi wezomkhathi okuholele ekukhuleni nokuthuthuka okungekho ezingeni elifanele embonini.
- Izindleko zokusebenza zikaSANSA zingaphezulu kakhulu kwesibonelelo esinikwa yiphalamende, okubize ukuthi uSANSA akhe eyakhe imithombo yemali ukuze anezele ezimalini zakhe zokusebenza.
- Nakuba umkhakha wezomkhathi emhlabeni ukhule ngokuqinile ngokulinganiselwa ku-8% ngonyaka, umkhakha wezomkhathi waseNingizimu Afrika awukwazanga ukufinyelela ezingeni eligculisayo lesabelo semakethe kulo mkhakha.

Ngale kwale nselelo, impumelelo yethu egqamile onyakeni odlule ihlanganisa nalokhu:

- IsiKhungo sethu Sesimo Sezulu esisanda kuthuthukiswa sikhethwe yi-International Civil Aviation Organisation njengesikhungo esisodwa kwezimbili ezinikezwe amalungelo okuba yizikhungo zokuxwayisa ezizohlinzeka umkhakha wezokundiza emkhathini ngezinkonzo zesimo sezulu sasemkhathini.
- Inkonzo yethu ye-High Frequency Propagation ehlinzekelwa i-South African National Defence Force yethu yelekelela ekuphepheni nasekuvikelweni kwesizwe.
- Ucwaningo lwethu ngozibuthe womhlaba kanye nesimo esihlanzekile ngoozibuthe luyaqhubeka nokubheka indawo ezungeze umhlaba enozibuthe bese isiza ekugcineni izinhlelo zobuchwepheshe zivikelekile ukuze sikwazi ukusebenzisa izinkonzo ezibalulekile ezifana nezinhlelo eziqagula ukuma kwento ngokwendawo (Geographical Positioning Systems).
- Sisabalalise izithombe ze-satellite ezingaphezu kwezi-60,000, ezifinyelela enqwabeni yobuchwepheshe bokuzwa (sensors) bese kunikeza abazisebenzisayo okubanzi abangakhetha kukho kwamazinga okucaca ezithombeni zendawo nemisebe yokukhanya okusetshenziselwa ukwesekela izinqumo, ezizindeni ezikuhulumeni, imikhandlu yesayensi namayunivesithi.

Sifake izintambo zethu ze-fibre emnyama ukuhlinzeka ububanzi bamagagasi okuphezulu nokuhanjiswa okusilela kancane kwe-data okwethembekile ngesikhathi esiyiso ngqo noma esicishe sibe yiso

*"Nakuba ukusebenza kwethu kube ngokwenelisayo, lokhu makubhekwe ngokwesimo sezimali esimpintshayo isiKhungo esisebenza kuso."*

ukuseka iziteshi eziphansi phakathi nezwe noma emazweni omhlaba ukuze zikwazi ukwenza imisebenzi ye-satellite ephuthumayo.

- Sithole izinga lokuphumelela elingaphezu kwama-99% lokwedlula ngempumelelo kwe-satellite ukubheka uMhlaba, ukwesekela ukucitshelwa emkhathini kwama-rocket kanye nezinkonzo eziyishumi zokweseka ukudluliselwa kwasekuzungezeni umhlaba..
- Ukucitshwa kwe-ZACube-2 ngomhla ka-27 Disemba 2018, kuyinkomba yobuchwepheshe bohledlwana lokuxhumana olunesivinini esiphezulu, uhledlwana oluphambili lwe-ADCS, uhlelo lokuhlonza oluzisebenzelayo lokubona imikhumbi, nolwazi oluhluziwe lokunika isithombe lwe-k-line olucace ngokuphansi ekuhlonzeni umlilo ngendlela ephambili.
- Sisekele abafundi abangama-42 abenza iziqu zangaphezulu kwezokuqala emikhakheni emqoka yesayensi yomkhathi..
- Sixoxe nabafundi abangaphezu kwezi-24,000 njengengxenye yokusebenza kwethu emphakathini nohlelo lokwazi ngomkhathi futhi saklonyeliswa nge-Best Workshop Presentation ku-SciFest Africa 2019 ngesakhiwo sesifundo sethu (workshop) esisihlelele abafundi.
- Sibambe iqhaza emisebenzini yokubambisana engaphezu kwama-30 nesibambisene nabo emazingeni kazwelonke, esifundeni samazwe angomakhelwane nasemazweni omhlaba..

Nakuba siphawula ngale mpumelelo ewumongo, kusekuningi okufanele kwenziwe. Njengamanje siphothulela iisiKhungo Uhlelo-su Lokusebenza lweminyaka emihlanu ezayo (2020-2025) oluqonde ukuthola indlela ebanzi ngokuthe xaxa yokukhuliseni nokuletha izinkonzo ezibalulekile ezweni, ngalokhu: (i) ukukhulisa nokusekela imboni yangaphakathi yezomkhathi, kanye (ii) ukufuna ukuthola umklamo othe xaxa womsebenzi esiwunikiwe, njengoba wethulwe ku-SANSA Act, National Space Policy ne- National Space Strategy.

Lesi sihloko esisha sohlelo lwezwe lomkhathi luzodinga ukufakwa kwamandla okunokuzimisela ngokuguqulwa kwezakhiwo nemithetho ku-SANSA nasemiNyangweni yethu kahulumeni ehamba phambili, okuyi-Sience and Innovation, ne-Trade and Industry. Sethemba futhi ukuthola ubambiswano oluqinile emazingeni amaningi ahlukene, okuyilawa, (i) kuzwelonke ngaphakathi kohlelo lwethu lukazwelonke lokwakha, ukuphendula ngokubambisana ezinselelweni zethu zesimo somnotho somphakathi, (ii) esifundeni samazwe akhelene nathi, ukuphendula nokusekela uhlelo lwase-Afrika lomkhathi oluhlosiwe, kanye, (iii) emazweni omhlaba, ukuqinisekisa ukuthi sixhumeke ngokugcwele eketangweni lomkhiqizo womkhathi emhlabeni wonke.

Ekugcineni, kufanele ngibonge ukuhola kukangqongqoshe wamanje nabedlule eMnyangweni weSayensi Nobuchwepheshe nobuholi bawo obuphezulu ngokwesekela okuqhubekayo ngokwenqubomgomo nangezimali kulo mkhakha obaluleke kakhulu.

**Dokotela Val Munsami**
Chief Executive Officer

# 7. ISITHOMBE SESU LOKUSEBENZA

## UMBONO

Ukuba iNingizimu Afrika ibe yisizinda samazwe onke sezixazululo kwezomkhathi emhlabeni wakusasa.

## OKOKWENZIWA

Ukuhola nokugqugquzela umphakathi wezomkhathi waseNingizimu ukuba wakhe ikusasa elingcono.

## IMIGOMO YANGOKOMTHETHO NOKUNYE

I- South African National Space Agency (SANSA) yamiswa ngokwe- South African National Space Agency Act (Act No. 36 of 2008), njengoba ichitshiyelwe. I-SANSA ingu-Schedule 3A Public Entity ngokwe-Public Finance Management Act (No.1 of 1999 njengoba ichitshiyelwe ngo- Act 29 of 1999).

## UMGOMO WOMTHETHO

Umgomo womthetho wakhelwe phezu kweMithetho emibili emikhulu, okunguyilena: (i) i-Space Affairs Act (Act No. 84 of 1993) no (ii) i-South African National Space Agency Act (Act No. 36 ka-2008). Owokoqala,oyithuluzi lika-dti, ubhekele isimo somthetho/senqubomgomo sohlelo lwezomkhathi lwaseNingizimu Afrika, kanti owokugcina oyithuluzi le-DST, uvumela ukumiswa kuka-SANSA njengesikhungo sokwenza soHlelo Lomkhathi LukaZwelonke.

Ngokwe-SANSA Act, izinhloso zesikhungo ngukwenza lokhu:

a) Ukukhuthaza ukusetshenziswa komkhathi okunokuthula;
b) Ukusekela ukwakhiwa kwesimo esikhuthaza ukukhula kwemboni yobuchwepheshe;
c) Ukuqiisa ucwaningo kusayensi yomkhathi, ezokuxhumana, ukuhamba emkhathini nolwazi lokwakheka komkhathi;
d) Ukuthuthukisa ubunjiniyela besayensi nolwazi namakhono obuchwepheshe ngokukhulisa izinhlelo zokusebenzisana nomphakathi ezikhulisa amakhono abantu kanye nokukhulisa izidingonqangi, kanye,
e) nokuqinisa ukubambisana namazwe omhlaba emisebenzini ehlobeni nezomkhathi

Imisebenzi ephoqelekile yesikhungo njengoba ibekwe eMthethweni, ithi isikhungo kufanele:

a) senze noma yiluphi uhlelo lomkhathi ngokuhambisana nenqubomgomo enqunywe ngokwe-Space Affairs Act;
b) ukweluleka uNgqongqoshe ngokukhuliswa kwamasu nezinhlelo zesayensi nobuchwepheshe bezomkhathi.
c) ukusebenzisa noma yiliphi isu likazweloke lesayensi nobuchwepheshe bezomkhathi. kanye
d) nokuthola, ukufunda nokusabalalisa izithombe ze-satellite yomkhathi kunoma yisiphi isizinda sikahulumeni.

## IZINHLOSO EZINGAMASU OKUSEBENZA

U-SANSA unezinjongo ezinhlanu zokusebenza eziyindlela yokufeza imigomo yakhe. Lezi zinjongo zikhombisa inhloso yesu lika-SANSA lokuhola, ukuhlanganisa nokushayela izinhlelo ngokubambisana nozakwabo bakazwelonke ukuze kufezeke umgomo onqunyiwe kaSANSA kanye nokunfinyelela ezintweni eziphambili ezifunwa yizwe ngokuhambisana ne- National Space Strategy (NSS).

U-SANSA usebenzisa izinjongo zakhe ezingamasu eziyisihlanu ngokuqoqa imisebenzi yakhe ayifake ezinhlelweni ezingamasu okusebenza eziyisihlani njengoba zibekwe lapha ngezansi:

- Uhlelo 1: Uhlelo Lokuphatha
- Uhlelo 2: Uhlelo Ukubheka Umhlaba
- Uhlelo 3: Uhlelo Lwesayensi Yomkhathi
- Uhlelo 4: Uhlelo Lwemisebenzi Yomkhathi
- Uhlelo 5: Uhlelo Lobunjiniyela Bomkhathi

Uhlelo ngalunye lufaka isandla ngamazinga ehlukene ezinjongweni ezingamasu okusebenza njengoba kukhonjiswa ethebhuleni elingezansi.

| IZINJONGO EZINGAMASU OKUSEBENZA | IZINHLELO | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | UKUPHATHA | UKUBHEKA UMHLABA | ISAYENSI YOMKHATHI | UMSEBENZI WOMKHATHI | UBUNJINIYELAB OMKHATHI |
| Injongo 1: Ukuxazulula izinselelo zeNingizimu Afrika ngezinkonzo nemikhiqizo yomkhathi | | ✓ | ✓ | ✓ | ✓ |
| Injongo 2 Ukuhola i-R&D enomthelela ophakeme enokubambisana ezingeni likazwelonke | | ✓ | ✓ | | ✓ |
| Injongo 3 Ukukhulisa amakhono abantu kuzwelonke nokuqinisekisa inguquko | | ✓ | ✓ | ✓ | ✓ |
| Injongo 4 Ukuqinisa ukuncintisana kwemboni yomkhathi yeNingizimu Afrika | | ✓ | | ✓ | ✓ |
| Injongo 5 Ukukhulisa ukubambisana nomhlaba okunenkuthalo | ✓ | ✓ | ✓ | ✓ | ✓ |

# ULWAZI LOKUSEBENZA OLUHLANGANISIWE

U-SANSA ubebeke aMaphuzu Okukhombisa Ukusebenza (KPI's) ayi-14 onyakeni wezezimali ka-2018/19. Ngonyaka ophele mhla ka-31 Mashi 2019, u-SANSA ufeze ama-KPI ayi-12 kwayi-14. Lokhu kukhombisa izinga lokusebenza lonyaka elingama-86%. Okubili obekuhlosiwe okuqondene nokukhula kohlelo lomkhathi lukazwelonke akufezekanga. Imali yokuqeda uhlelo lokwakha i-satellite i-EOSat-1 ayitholakalanga ngonyaka wezezimali ka-2018/19, umphumela walokho ukuthi, aMaphuzu Okukhombisa Ukusebenza ezinyathelwei zokusebenza zohlelo lokwakha i-satellite engu-EOSat-1 nokusebenza okugcwele kwemali ngenkontileka embonini ebanzi ehlobene nomkhathi ngemisebenzi yomkhathi ebalulekile awazange afezwe.

| INJONGO YOKUSEBENZA | UMGOMO OYISU LOKUSEBENZA | IPHUZU LOKUBONISA UKUSEBENZA | OKUHLOSIWE KONYAKA | OKWANGEMPELA | ISIZATHU SOKWEHLUKA |
|---|---|---|---|---|---|
| **Injongo 1: Ukubhekana nezinselelo zeNingizimu Afrika ngezinkonzo nemikhiqizo yomkhathi** | S1.1 Ukuhola nokukhuthaza ukwakhiwa kwezinsiza-kusebenza ukuze kubhekanwe nazidingo nezinselelo zomphakathi | M1.1 isibalo sikazwelonke kwezinsiza-kusebenza ezinomthelela ophezulu kuzwelonke | 4 | 4 | Umgomo ufeziwe kwaze kweqa ngenxa yezicelo ezengeziwe zabasebenzisi. Umzamo omkhulu wokusabalalisa izithombe wenziwe ngo-Q4 kulandela ukuxazululwa kwenselelo yokulungisa izithombe phakathi nonyaka.. |
| | | | PS1 – 50 000 izithombe ezisabalalisiwe | 60 637 | |
| | | | PS2 – izigaba eziyisihlanu eziyindikimba ezingamasethi olwazi oluhlungiwe oluyisisekelo kuzwelonke | 100% ukukhuliswa kwamasethi ahlonziwe nolwazi oluhlungiwe oluyisisekelo kuzwlonke | Umgomo ufeziwe |
| | | | PS3 –imikhiqizo nezinkonzo zesimo sezulu emkhathini | Zonke izinkonzo ezidingekayo zihlinzekiwe njengokucelwa kwazo nanjengezivumelwano | Umgomo ufeziwe |
| | | | PS4 –imikhiqizo nezinkonzo zobuchwephe-she bukazibuthe | 158 amakhampasi aqondisiwe nazo zonke izicelo zezinkonzo zihlinzekiwe. | Umgomo ufeziwe waze weqiwa ngenxa yesibalo samakhampasi amukelwe emkhakheni wezokundiza ozimele aqondisiwe. Lokhu kuye njengokucela kwe-klayenti. |

| INJONGO YOKUSEBENZA | UMGOMO OYISU LOKUSEBENZA | IPHUZU LOKUBONISA UKUSEBENZA | OKUHLOSIWE KONYAKA | OKWANGEMPELA | ISIZATHU SOKWEHLUKA |
|---|---|---|---|---|---|
| **Injongo 2: Ukuhola i- R&D enomthelela ophakeme enokubambisana ezingeni likaNational** | S2.1 ukwandisa umphumela wocwaningo lomkhathi kuzwelonke | M2.1 Amaphuzu atholakala ngomkhiqizo wokucwaningo kuzwelonke nge-R&D yokusekelwa komkhathi | 1 300 | 1 835 | Umgomo we-YTD uze weqiwa ngenxa ngamaphepha abe ngaphezulu kokulindelwe kuma-jsethunal anomthelela ophakeme. Ubuningi bokushicilelwa kwamaphepha okucwaninga abubikezeleki ngenxa yezikhathi zokuqeda ezehlukene zabashicileli. Okunye, iningi labafundi be-PhD bathole iziqu ngo-Q1, nemali yokucwaninga etholakele ibe ningi ngenxa yezibonelelo ezimbili zika- SANAP ezitholakale pakathi nonyaka. Ilokhu kuholele ekusebenzeni okungaphezulu kobekulindelwe. |
| **Injongo 3: Ukukhulisa khono labantu nokuqinisekisa inguquko kuzwelonke** | S3.1 ukwandisa ukuqonda kwentsha isayensi. | M3.1 isibalo sentsha exoxiswe ngqo | 10 800 | 24 337 | Umgomo weqiwe ngenxa yesibalo samathuba anikezwe imali atholakele ukuze xhunyanwe nabafundi, kanye nemihlangano-kusebenza (workshops) eyethuliwe ngokucelwa ngesibambisene nabo. |
| | S3.2 ukusekela abafundi nalabo abasazijwayeza umsebenzi | M3.2 isibalo sabafundi nabasazijwayeza umsebenzi basekelelwe ukuqeqeshwa okusemthethweni. | 50 | 52 | Umgomo wonyaka weqiwe ngenxa yabafundi abasha abasekelwa kusuka ku- Q2, Nokwanda kwesibalo salabo abasazozijwayeza umsebenzi. |
| **Injongo 4: Ukuqinisa ukuncintisana kweNingizimu Afrika embonini yomkhathi** | S4.1. Ukwakha inzuzo ethe xaxa yohlelo lomkhathi ngemisebenzi yomkhathi. | M4.1.1 izinga lokwedlula kwe-satellite okuyimpumelelo kokubheka umhlaba | 98% | 99.78% | Umgomo weqiwe ngenxa yokusebenza ngokufanele nokugcinwa ngokwethembekile. |
| | | M4.1.2 Isamba semali eyakhiwe yimisebenzi yezomkhathi. | R58 million | R79.7 million | Umgomo weqiwe ikakhulu ngenxa yemisebenzi yamazwe omhlaba eqediwe yase iqala ukusebenza. |
| | S4.2 Ukukhulisa imboni yomkhathi kaNational | M4.2.1 isibalo semisebenzi eqondile eyesekwengaphandle ngohlelo lukaSANSA lwezivumelwano. | 55 | 55 | Imisebenzi ka-Denel Spaceteq, i-CPUT, Cybicom isekellwe ngesivumelwano se-EOSat-1 nesivumelwano se-ZACube-2. Nakuba kungekho mali etholakele Phakathi nonyaka ibisekhona imisebenzi yezivumelwano ebiqhutshwa isuka onyakeni odlule. |

| INJONGO YOKUSEBENZA | UMGOMO OYISU LOKUSEBENZA | IPHUZU LOKUBONISA UKUSEBENZA | OKUHLOSIWE KONYAKA | OKWANGEMPELA | ISIZATHU SOKWEHLUKA |
|---|---|---|---|---|---|
| **Injongo 4:** **Ukuqinisa ukuncintisana kweNingizimu Afrika embonini yomkhathi** | S4.2 Ukukhulisa imboni yomkhathi kaNational | M4.2.2 Isimo sokwenziwe ekukhuliseni i-EOSat-1 | U-70% wokubuyekeza okubucayi (CDR) kokwakhiwa kwe-Space System Flight Model uqediwe. | 0% inqubekela phambili | Umgomo awufezwanga ngoba imali yohlelo lokwakha i-satellite ayitholakalanga. UNgqongqoshe ucele ukuthi iBhodi libuyekeze bese linikeza uNgqongqoshe imininingwane yokungenziwa ukuze luphothulwe. |
| | | M4.2.3 isamba semali yenkontileka/ isivumelwano yama-SMEs yokwenza imisebenzi yomkhathi | R11.9 million | R14 million | Umgomo ufeziwe waze weqiwa ngenxa yokusebenisza kwemali ngama-SME ekuthuthukiseni izintambo ze- SS Instrumentation kanye ne-fibre emnyama ye- SO nemisebenzi yokwakha imibhoshongo ngaphezu kwezinkontileka zohlelo lwama-satellite (EOSat-1 no- ZACube-2)e |
| | | M4.2.4 isamba semali yenkontileka yemisebenzi ehlobene nemboni ebanzi yezomkhathi. | R50 million | R0 | Umgomo awufezekanga ngenxa yokuthi imali yohlelo lokwakha i-satellite ayitholakalanga. Inkontilrka kaDenel yamiswa kuze kuphume imiphumela yokubuyekezwa komsebenzi. |
| **Injongo 4:** **Ukuqinisa ukuncintisana kwemboni yomkhathi yaseNingizimu Afrika (kuyaqhutshwa)** | Ukukhulisa imboni yomkhathi kaNational (kuyaqhutshwa) | M4.2.5 isimo sokuqhubeka ekwakheni i-CubeSat | Ukuqedwa kwezibonelo zokufaneleka nokundiza, ukwethulwa nokuqaliswa ukusebenza | Ukuqedwa ngo-100% kombiko wezibonelo zokufaneleka nokundiza ukwethulwa nokuqaliswa ukusebenza | Ukuqedwa kohlelo onyakeni wezimali ka- 2018/19 |
| **Injongo 5:** **Ukukhulisa okunenkuthalo komhlaba ukubambisana** | S5.1 ukusebenzela ukuzuza kohlelo lomkhathi ngokubambisana komhlaba | M5.1.1 isibalo semisebenzi esemthethweni enokubambisana okuyinkuthalo phesheya kwezilwandle | 5 | 15 | Ukubambisana namazwe omhlaba kwandile ngenxa yezicelo eziningi zemisebenzi eyenziwa ngenkuthalo ngenxa yemisebenzi yezimo zezulu zasemkhathini. |
| | | M 5.1.2 semisebenzi esemthethweni enokubambisana okuyinkuthalo e-Afrika | 5 | 9 | Ukugxila ekubambisaneni kwamazwe angomakhelwane kube yimpumelelo kwaholela ekuthini umgomo weqiwe. |
| | | M5.1.3 semisebenzi esemthethweni enokubambisana okuyinkuthalo kuzwelonke | 5 | 16 | Ukugxila ekwandiseni ukubambisana kuNational kuholele ekubambisaneni okuthe xaxa ngemisebenzi yokuthuthukisa isayensi. |

*Ithebhula 2: Ulwazi lokusebenza oluhlanganisiwe 2018/19*

# 12. UMBIKO WOMCWANINGI MABHUKU OZIMELE

## UMBIKO WOMCWANINGI MABHUKU OZIMELE EPHALAMENDE NGE-SOUTH AFRICAN NATIONAL SPACE AGENCY

### UMBIKO NGOKUCWANINGWA KWAMABHUKU EZIMALI

#### UMBONO

1. Siwacwaningile amabhuku ezimali e-South African National Space Agency ethulwe emakhasini 87 kuya ku- 141, ahlanganisa isitatimende sesimo sezimali osukwini luka-31 Mashi 2019, isitatimende sokusebenza kwemali, empahleni esala sekukhokhwe izindleko kanye nokuphuma nokungena kwemali nesitatimende sokuqhathanisa ibhajethi namanani angempela konyaka owaphele ngalolo suku, Kanye namanothi aqondene nezitatimwnde zekwemali, kuhlananisa neqoqo lezinqubomgomo ezibalulekile zokuphathwa kwezimali.

2. Ngokubona kwethu, izitatimende zezimali ziveza ngokwamukelekile, kuzo zonke izingxenye zokuphathekayo isimo sezimali ze-South African National Space Agency osukwini luka-31 Mashi 2019, nokusebenza kwemali kanye nokuphuma nokungena kwezimali konyaka ophele ngalolo suku ngokuhambisana ne-South African standards of Generally Recognised Accounting Practice (GRAP) nezidingo ze-Public Finance Management Act of South Africa, 1999 (Act No.1 of 1999) (PFMA).

#### ISISEKELO SOMBONO

3. Senze ucwaningo lwethu ngokuhambisana ne-International Standards on Auditing (ISAs). Izibopho zethu ngaphansi kwaleyo imigomo ziphinde zichazwe ezibophweni zomcwaningi engxenyeni yokucwaningwa kwezitatimende zezimali zalo mbiko womcwaningi.

4. Asihlanene nesikhungo ngokuhambisana nesigaba 290 no-291 se-Independent Regulatory Board for Auditors' Code of Professional Conduct for Registered Auditors (Revised January 2018), ingxenye 1 no-3 ye-Independent Regulatory Board for Auditors' Code of Professional Conduct for Registered Auditors (Revised November 2018) (together the IRBA Codes) nezinye izidingo zokuzimela ezisebenzayo ekwenzeni ucwaningo lwezitatimende zezimali eNingizimu Afrika. Sizilandelile nezinye izibopho zokwethembeka kwethu , njengoba zisebenza ngokuhambisana ne-IRBA Codes nangokuhambisana nezinye izidingo zokwethembeka ezisebenza ekwenzeni ucwaningo eNingizimu Afrika. Ama-IRBA Codes ayahambisana nezigaba ze-International Ethics Standards Board ye-Accountants' Code of Ethics for Professional Accountants Kanye ne--International Ethics Standards Board for Accountants' International Code of Ethics for Professional Accountants (including International Independence Standards ngokulandelana.

5. Sikholwa ukuthi ubufakazi ubufakazi bocwaningo esibutholile banele futhi bufanele ukunikeza isisekelo sombono wethiu.

#### IZIBOPHO ZOMKHAKHA WOKUPHATHA IZIMALI NGEZITATIMENDE ZEZIMALI

6. Ibhodi, elakha umkhandlu wokuphatha izimali unesibopho sokulungisa nokwethula ngokufanele izitatimende zezimali ngokuhambisana ne-SA Standards of GRAP nezidingo ze-PFMA futhi nangokuphatha kwangaphakathi umkhandlu wokuphatha kwangaphakathi onquma ukuthi kudingekile ukuze kutholakale izitatimende zezimali ezingenawo amaphutha, noma ngabe kungenxa yobugebengu noma iphutha.

7. Ekulungiseni izitatimende zezimali, umkhandlu ophethe unesibopho sokuhlola amandla esikhungo okuqhubeka njengesikhungo esisasebenza, uveze, njengoba kufanele, izindaba ezihlobene nokuqhubeka kokusebenza kwesikhungo nokusebenzisa isisekelo sesikhungo esisaqhubeka nokuphatha ngaphandle kokuthi umkhandlu ophethe usuhlose ukuqeda noma ukumisa imisebenzi, noma kungasekho okunye okungenziwa ngaphandle kokumisa nokuqeda imisebenzi.

### IZIBOPHO ZOMCWANINGI FOR THE UCWANINGO OF THE IZITATIMENDE ZEZIMALI

8. Izinhloso zethu ukuthola isiqiniseko esenelisayo ngokuthi izitatimende zezezimali zonke azinakho ukubekwa ngokungelona okungekhona, noma ngabe okubugebengu noma iphutha, bese sikhipha umbiko womcwaningi ofaka umbono wethu. Ukuqinisekila ngokwenelisayo kuyisiqinisekiso esisezingeni eliphezulu kodwa akusona isiqinisekiso sokuthi ucwaningo olwenziwe ngokwama-ISA luyohlala luhlonza isethulo esingelona iqiniso ngokuphathekayo lapho sikhona. Isethulo esingelona iqiniso singaqhamuka ngenxa yobugebengu noma iphutha futhi sithathwa njengesiphathekayo uma, sisodwa noma isamba sazo, singase silindeleke ukuba sibe nomthelela ezinqumeni zezomnotho abazisebenzisayo abangazithatha besukela kulezi zitatimende zezezimali.

9. Okunye ukuchaza izibopho zethu ngokucwaninga izitatimende zezezimali kufakwe esinamathelisweni esikulo mbiko womcwaningi.

## UMBIKO NGOCWANINGO LOMBIKO WOKUSEBENZA WONYAKA

### ISINGENISO NOMKLAMO

10. Ngokuhambisana ne- Public Audit Act of South Africa, 2004 (Act No. 25 of 2004) (PAA) nesimemezelo esijwayelekile esikhishwe ngayo sinesibopho sokubika ngesikutholayo olwazini lokusebenza olubikiwe siqhathanisa nezinhloso ezibekelwe izinhlelo ezikhethiwe ezethulwe embikweni wokusebenza wonyaka. Sisebenzise izinqubo zokuhlonza okutjoliwe kodwa hhayi pokokuqoq ubufakazi bokukhipha isiqiniseko.

11. Izinqubo zethu zibheka ulwazi olubikiwe ngokusebenza, okufanele lususelwe emiqulwini yesiKhungo yokuhlela ukusebenza. Asihlolanga ukuphelela nokufaneleka kwamaphuzu okukhombisa ukusebenza afakwe emiqulwini yokuhlela. Izinqubo zethu fuhti azizange zedlulele kunoma yikuphi okuveziwe noma okushiwo mayelana namasu okusebenza ahleliwe nolwazi olumayelana nezikhathi ezingase zifakwe njengengxenye yolwazi ngokusebenza olubikiwe. Kanjalo, esikutholile akufiki kulezi zindaba.

12. Sihlole ukuba nosizo nokwethembeka kolwazi lokusebenza olubikiwe ngokuhambisana namaphuzu akhiwe esuswa ohlakeni lokwelusa ukusebenza nokubika, njengoba luchazwe esimemezelweni esijwayelekile, ezinhlelweni ezikhethiwe ezethulwe embikweni wonyaka wokusebenza kwesikungo onyakeni ophele ngo-31 Mashi 2019:

| IZINHLELO | AMAKHASI EMBIKWENI WONYAKA WOKUSEBENZA |
|---|---|
| Injongo yokusebenza 1 – ukubhekana nezinselelo zeningizimu Afrika ngezinkonzo nemikhiqizo yomkhathi | 39-55 |
| Injongo yokusebenza 4 - Ukuqinisa ukuncintisana kwemboni yomkhathi yaseNingizimu Afrika. | 39 – 59 |

13. Sisebenzise izinqubo zokubona ukuthi ulwazi olubikiwe ngokusebenza lwethulwe ngokuyikho yini nokuthi ukusebenza bekuhambisana yini nemiqulu yokuhlela ukusebenza evunyiwe. Sisebenzise nezinye izinqubo ukunquma ukuhti amaphuzu nemigomo ehambisana nawo bekubaleka yini futhi kuqondene yini nomsebenzi, sase sihlola ukwethembeka kolwazi lokusebenza olubikiwe ukunquma ukuthi belufanele, lushaya emhlolweni futhi luphelele

14. Asitholanga lutho oluphathekayo ngokuba nosizo nokwethembeka kolwazi lokusebenza olubikiwe ngalezi zinhlelo:

- Injongo eyisu lokusebenza 1 - Ukubhekana nezinselelo zeNingizimu Afrika ngezinkonzonemokhiqizo yomkhathi..
- Injongo eyisu lokusebenza 4 - Ukuqinisa ukuncintisana kwemboni yomkhathi yaseNingizimu Afrika.

EZINYE IZINDABA

Sifisa kunakwe izindaba ezingezansi.

UKUFEZWA KWEMIGOMO EHLELIWE

15. Bheka umbiko wonyaka wokusebenza emakhasinin35 kuya ku- 59 ukuze uthole ulwazi ngokufezwa kwemigomo ehlelelwe unyaka kanye nezincazelo ezihlinzekwe ngokufezwa ngokungenelle noma ukufezwa ngokwedlulele kwemigomo eminingana

## UMBIKO NGOCWANINGO LOKUHAMBISANA NEMITHETHO

ISINGENISO NOMKLAMO

16. Ngokuhambisana ne-PAA nesimemezelo esijwayelekile esikhishwe mayelana nayo, sinesibopho sokubika esikutholayo okuphathekayo ekuhambisaneni kwesikhungo nezinto ezithile emthethweni osemqoka. Senze izinqubo zokuhlonza okutholakalayo kodwa hhayi ngenxa yokuqoqa ubufakazi bokukhipha isiqiniseko

17. Asitholanga lutho oluphathekayo ngokuhambisana nezindaba ezithile emithethweni esemqoka ebekwe esimemezelweni esijwayelekile esikhishwe ngokuhambisana ne-PAA.

## OLUNYE ULWAZI

18. Umkhandlu wokuphatha unesibopho sokuletha olunye ulwazi. Olunye ulwazi lufaka ulwazi olufakwe embikwen wonyaka, okufaka imibiko yomkhandlu wokuphatha nombiko wekomidi locwaningo. Olunye ulwazi alufaki izitatimende zezimali, umbiko womcwaningi nalezo zinhlelo ezikhethiwe ezethulwe embikweni wonyaka wokusebenza ezethulwe ngokukhethekile kulo mbiko womcwaningi.

19. Umbono wethu ngezitatimende zezimali nokutholakele olwazini lokubikwe ekusebenzeni nangokuhambisana nomthetho akulufaki olunye ulwazi futhi asiwukhiphi umbono wocwaningo noma naluphi uhlobo lwesiphetho sokuqinisekisa ngalo.

20. Mayelana nocwaningo lwethu, isibopho sethu ukufunda olunye ulwazi futhi, ekwenzeni lokho, sibheke ukuthi olunye ulwazi ngokunesisindo aluhambisani yini nezitatimende zezimali nokuthi izinhlelo ezikhethiwe ezethulwe embikweni wonyaka wokusebenza, or ulwazi lwethu olutholakale ocwaningweni , noma ngenye indlela lubonakala lubekwe ngokungeyikho ngendlela ephathekayo.

21. Asilutholanga olunye ulwazi ngaphambi kosuku lwalo mbiko womcwaningi. Emva kokuthola nokufunda lolo lwazi, futhi uma sibona ukuthi kukhona ukubeka ngokungeyikho okuphathekayo, kudingeka ukuba sedlulisele lolo ludaba kulabo abaphethe ukuthi olunye ulwazi malulungiswe. Uma olunye ulwazi lungalungiswa, singase siwuhoxise lo mbiko bese siphinde sikhipha umbiko osuguquliwe njengofanele. Kodwa, uma lulungiswa, lokho ngeke kwenziwe

## UKUNGASEBENZI KAHLE KWEZINHLELO ZANGAPHAKATHI ZOKWELUSA

22. Sibheke ukwelusa kwangaphakathi okuthinteka ocwaningweni lwethu lwezitatimende zezimali, umbiko wolwazi lokusebenza kanye nokuhambisana nomthetho ofanele; nokho, injongo yethu bekungekhona ukuveza noma yiluphi uhlobo lwesiqiniseko ngakho. Asihlonzanga lutho oluwubuthakathaka obukhulu ekweluseni kwangaphakathi.

## EMINYE IMIBIKO

23. Siqaphelisa ngemisebenzi elandelayo eyenziwe ngabathile eyenze noma engase yenze kube nemithelela ezitatimendeni

zezimali, ulwazi lombiko wokusebenza,noma ukuhambisana nemithetho efanele nezinye izindaba ezihlobene nakho esikhungweni somphakathi. Imibiko ethintiwe ayiyona ingxenye yombono wethu ngezitatimende zezimali noma esikutholile ngombiko wolwazi lokusebenza noma ukuhambisana nemithetho.

### IZINKONZO EZIHLOBENE NOCWANINGO KANYE NOCWANINGO OLUYISIPESHELI

24. Ukuxoxisana ngezinqubo okuvunyelwe ngazo kwenziwe emalini yokunikelwa mayelana nokusebenza kwemali yezibonelelo etholwe kuNational Research Foundation (NRF) yesikhathi sika-1 Januwari 2018 kuya ku-31 Disemba 2018 yase inikwa abaphathi be--South African National Space Agency ngomhla ka-14 Juni 2019.

### ISIKHATHI SOKUSEBENZA KOMCWANINGI

25. Ngokomthetho we-IRBA owashicilelwa ku-Government Gazette Number 39475 yomhla-ka-4 Disemba 2015, sibika ukuthi uNexia SAB&T usebe wumcwaningi we-South African National Space Agency iminyaka emibili.



**Nexia SAB&T**
Per: A Darmalingam
Director
Registered Auditor
5 Agasti 2019

# ISITATIMENDE SOKUMA KWEZEZIMALI
## SONYAKA OPHELE NGO- 31 MASHI 2019

| | INOTHI | 2019 R | 2018 R |
|---|---|---|---|
| IMPAHLA | | | |
| **Impahla Ekhona** | | **157 788 864** | **123 125 425** |
| Ukheshi Nokulingana Nokheshi | 5 | 121 113 842 | 97 223 484 |
| Okwamukelwe Ekuhwebelaneni | 6 | 36 385 386 | 25 393 824 |
| Uhlu lobungaki | 7 | 289 636 | 508 117 |
| **Impahla engeyona imali** | | **438 702 085** | **447 518 708** |
| iIzakhiwo, Imishini nokokusebenza | 8 | 428 726 776 | 431 423 674 |
| Impahla Engaphatheki | 9 | 9 975 309 | 16 095 034 |
| **Isamba sempahla** | | **596 490 949** | **570 644 133** |
| IZIKWELETU | | | |
| **Izikweletu Zanonyaka** | | **70 205 219** | **86 201 490** |
| Okumele Kukhokhwe kusuka Ekuhwebelaneni | 10 | 17 531 849 | 22 108 665 |
| Izinhlinzeko Zokufane kukhokhwe | 11 | 8 242 115 | 6 005 146 |
| Okukweletwaya kwesibonelelo esinemibandela osekwabelwe | 12 | 44 285 178 | 58 087 679 |
| Isikweletu sokokusebenza okuqashiwe. | 13 | 146 077 | - |
| **Isamba Sezikweletu** | | **70 205 219** | **86 201 490** |
| **IMPAHLA ESALE SEKUKHOKHWE IZINDLEKO** | | **526 285 730** | **484 442 643** |
| Okungaphezulu Osekunqwabelene | 15 | 526 285 730 | 484 442 643 |
| **Isamba Sempahla Esale Sekukhokhwe Izindleko** | | **526 285 730** | **484 442 643** |

# ISITATIMENDE SOKUSEBENZA KWEMALI

## SONYAKA OPHELE MHLA KA-31 MASHI 2019

| | INOTHI | 2019<br>R | 2018<br>R |
|---|---|---|---|
| **IMALI ENGENILE** | | | |
| INGENISO EVELA EMSEBENZINI ONGENAKUHWEBELANA | | | |
| Izimali Nemixhaso Etholakele | 14 | 179 897 340 | 218 951 382 |
| INGENISO EVELA EKUHWEBELANENI | | | |
| Imali Engenile Yenzuzo | 16 | 7 808 821 | 8 310 533 |
| Ukwenziwa kwezinkonzo | 17 | 90 416 060 | 87 810 375 |
| Enye Imali Engenile | 18 | 672 062 | 4 776 010 |
| Inzuzo Evela Ekuhwebeni Ezweni Langaphandle | 28 | 1 587 960 | - |
| **Isamba Semali Engenile** | | **280 382 243** | **319 848 300** |
| **IMALI ESEBENZILE** | | | |
| Izindleko zezisebenzi noma eziphathelene nezisebenzi. | 19 | 115 700 348 | 110 474 811 |
| Ukukhokhela amalunga eBhodi | 20 | 1 002 124 | 1 170 199 |
| Ukwehla Nokuhlakaza | 21 | 27 611 037 | 25 399 526 |
| Ukulungisa Nokugcina | 22 | 10 902 220 | 10 533 545 |
| Izimali zokukhokhela iamalayisensi e-data | 23 | 28 737 479 | 34 451 213 |
| Imifundaze Yabafundi Nezibonelelo Zokucwaninga Ezikhokhiwe | 24 | 4 636 566 | 5 620 792 |
| Izinkonzo Zengqalasizinda Yama-antenna. | 25 | 3 271 263 | 3 270 496 |
| Izindleko zokuqeqesha | 26 | 1 367 802 | 1 226 374 |
| Izindleko Ezijwayelekile | 27 | 44 512 270 | 48 596 577 |
| Okulahlekile Ekuhwebeni Nelinye Izwe | 28 | - | 1 861 044 |
| Okulahlekile ekuchitheni impahla, Imishini, nokokusebenza | 29 | 750 519 | 96 109 |
| Izikweletu ezingasabuyiseki | 31 | 47 528 | 8 916 |
| **Isamba Sezindleko** | | **238 539 156** | **242 709 601** |
| **OKUSALE NGAPHEZULU KONYAKA** | | **41 843 087** | **77 138 699** |

# ISITATIMENDE SEZINGUQUKO EMPAHLENI ESELE
## SONYAKA OPHELE NGO-31 MASHI 2019

| | INOTHI | ACCUMULATED SURPLUS R | TOTAL R |
|---|---|---|---|
| **2018** | | | |
| Okusele ngo-1 Aphreli 2017 | | 407 303 944 | 407 303 944 |
| Okungaphezulu konyaka | | 77 138 699 | 77 138 699 |
| **Okusele ngo-31 Mashi 2018** | 15 | **484 442 643** | **484 442 643** |
| **2019** | | | |
| Okusele ngo-1 Aphreli 2018 | | 484 442 643 | 484 442 643 |
| Okungaphezulu konyaka | | 41 843 087 | 41 843 088 |
| **Okusele ngo-31 Mashi 2019** | 15 | **526 285 730** | **526 285 730** |

# ISITATIMENDE SOKUNGENA NOKUPHUMA KWEMALI

SONYAKA OPHELE NGO-31 MASHI 2019

| | INOTHI | 2019<br>R | 2018<br>R |
|---|---|---|---|
| **UKUNGENA NOKUPHUMA KWEMALI** | | | |
| UKUNGENA NOKUPHUMA KWEMALI | | | |
| Ekhokhiwe Nemixhaso | 14 | 166 094 836 | 189 213 350 |
| Ukudayiswa Kwempahla Nezinkonzo | | 79 424 498 | 87 810 375 |
| Imali Yenzuzo | | 7 808 821 | 8 310 533 |
| Okunye Okutholakele | | 672 062 | 4 776 010 |
| | | | |
| OKUKHOKHIWE | | | |
| Izindleko Zezisebenzi | | (115 700 348) | (110 474 811) |
| Abaletha Impahla | | (94 809 263) | (110 374 003) |
| Okukhokhwa egameni lonika igunya | | - | (8 258 803) |
| **IMALI ESELE EMISEBENZINI** | **30** | **43 490 606** | **61 002 652** |
| | | | |
| **UKUNGENA NOKUPHUMA KWEMALI KWEZOKUTSHALELA INZUZO** | | | |
| Ukuthenga, Izindlu, Imishini Nokokusebenza | 8 | (19 167 565) | (106 462 290) |
| Ukuthenga Impahla Engaphatheki | 9 | (432 683) | (2 652 008) |
| **IZIMALI EZISELE EKUTSHALELENI INZUZO** | | **(19 600 248)** | **(109 114 298)** |
| | | | |
| **UKUNGENA NOKUPHUMA KWEMALI KWEZOKUKHOKHA IZIKWELETU** | | | |
| Ukunyakazea Ezikweletini Ezindala | | - | (5 422 550) |
| **IZIMALI EZISELE KWEZISEBENZE EKUKHOKHELENI IZIKWELETU** | | **-** | **(5 422 550)** |
| | | | |
| **UKWENYUKA (NOKWEHLA) KUKHESHE NOMA OKULNGANA NOKHESHE** | | **23 890 358** | **(53 534 196)** |
| | | | |
| Ukheshi Nokulingana Nokheshi Ekuqaleni Konyaka | | 97 223 484 | 150 757 680 |
| Ukheshi Nokulingana Nokheshi Ekupheleni Konyaka | 5 | 121 113 842 | 97 223 484 |

# ISITATIMENDE SOKUQHATHANISA
# AMANANI EBHAJETHI NAWANGEMPELA
SONYAKA OPHELE NGO-3 1 MASHI 2019

| Enye Ingeniso | INOTHI | IBHAJETHI EVUNYIWE 2018/19 R | IBHAJETHI YOKUGCINA 2018/19 R | AMANANI ANGEMPELA ESISEKELWENI ESIQHATHANISEKAYO 2018/19 R | UMEHLUKO 2018/19 R |
|---|---|---|---|---|---|
| **IMALI ENGENILE** | | | | | |
| **Imali evele ebhizinisini elingenakuhwebelana** | | **144 907 500** | **207 111 082** | **224 182 515** | **17 071 433** |
| Imali yokusebenza | | 138 036 000 | 138 036 000 | 138 036 000 | - |
| Imali ebiyelwe | 4.3.1 | - | 57 384 062 | 72 404 062 | 15 020 000 |
| Izibonelelo ucwaninga | 4.3.2 | 1 581 500 | 6 590 461 | 8 599 668 | 2 009 207 |
| Ukwesekwa komfundazawe wabafundi beaiqu eziphezulu | | 5 290 000 | 5 100 559 | 5 142 785 | 42 226 |
| **Ingeniso evela ekuhwebelaneni** | **4.3.3** | **76 286 596** | **95 641 979** | **90 416 060** | **(5 225 919)** |
| Ingeniso yenkontileka yomphakathi | | 25 927 128 | 35 895 725 | 27 992 476 | (7 903 249) |
| Ingeniso yenkontileka yangasese | | 2 611 833 | 9 559 977 | 10 238 068 | 678 091 |
| Ingeniso yenkontileka yelinye izwe | | 47 747 635 | 50 186 277 | 52 185 516 | 1 999 239 |
| Enye Ingeniso | 4.3.4 | 370 000 | 5 648 455 | 8 480 883 | 2 832 428 |
| Okube ngaphezulu konyaka odlule | | - | 36 407 032 | 36 407 032 | - |
| **Isamba sengeniso** | | **221 564 096** | **344 808 548** | **359 486 490** | **14 677 943** |
| **UKUSEBENZA KWEMALI** | | | | | |
| UKUKHOKHA KWAMANJE | | | | | |
| Izindleko zezisebenzi nokuhlobene nezisebenzi | 4.3.5 | 123 983 457 | 125 470 913 | 115 700 348 | 9 770 565 |
| Ukukhokhela amalunga eBhodi | | 877 200 | 1 177 200 | 1 002 124 | 175 076 |
| Imali yokulungisa | 4.3.6 | 6 294 141 | 20 302 443 | 10 902 220 | 9 400 223 |
| Izindleko zokukhokhelwayo | | - | - | - | - |
| Imali yelayisensi ye-data | 4.3.7 | 24 199 000 | 52 807 205 | 28 737 479 | 24 069 726 |
| Imifundaze Nezibonelelo Zokucwaninga Ezikhokhiwe | | 7 179 920 | 7 334 159 | 4 636 566 | 2 697 593 |
| Izinkonzo Zengqalasizinda Yama-antenna Izindleko | 4.3.8 | - | 5 094 716 | 3 271 263 | 1 823 453 |
| Zokuqeqesha | | 1 784 296 | 2 599 739 | 1 367 802 | 1 231 937 |
| Izindleko | 4.3.9 | 51 858 983 | 75 128 894 | 44 512 270 | 30 616 624 |
| Ezijwayelekile Okulahlekile Ekuhwebeni namanye Amazwe | | - | 100 000 | - | 100 000 |
| Okulahlekile EkuchithenNIzakhiwo, Imishini Nokokusebenza | | - | - | 750 519 | (750 519) |
| Ukwehla Kokutholakele | | - | - | 47 528 | (47 528) |
| | | **216 176 997** | **290 015 269** | **210 928 119** | **79 087 150** |

| | INOTHI | IBHAJETHI EVUNYIWE 2018/19<br>R | IBHAJETHI YOKUGCINA 2018/19<br>R | AMANANI ANGEMPELA ESISEKELWENI ESIQHATHANISEKAYO 2018/19<br>R | UMEHLUKO 2018/19<br>R |
|---|---|---|---|---|---|
| UKUKHOKHELAIMPAHLA YOKUSEBENZA | | | | | |
| Okufakwa emishinini | 4.3.10 | 2 787 100 | 21 271 768 | 6 611 455 | 14 660 313 |
| Nokungaphatheki | | 600 000 | 2 785 592 | 432 683 | 2 352 909 |
| Izimoto | | - | 617 487 | 524 996 | 92 491 |
| Amakhompyutha | 4.3.11 | 2 000 000 | 21 386 369 | 5 524 958 | 15 861 411 |
| Ukwakha i- Satellite | 4.3.12 | - | 8 732 062 | 4 739 018 | 3 993 044 |
| | | **5 387 100** | **54 793 278** | **17 833 110** | **36 960 168** |
| **Isamba sokusebenza kwemali** | | **221 564 097** | **344 808 547** | **228 761 229** | **116 047 320** |
| **Okungaphezulu/Okushodile** | | | | **130 725 261** | **130 725 261** |

## UKUZWANISA IZAMBA ZANGEMPELA NGOKUQHATHANISA IZIBALO ZANGEMPELA NEZAMBA ESISEZITATIMENDENI ZEZIMALI

| UKUNGENA KWEMALI KUSUKA | IMISEBENZI<br>R | UKUKHOKHA<br>R | UKUTSHALA<br>R | ISAMBA<br>R |
|---|---|---|---|---|
| **Isanba Sangempela Esisekelweni Sokuqhathanisa Njengoba Sethulwe Kubhajethi Nestatimende Esiqhathanisayo Umahluko Osobala** | **148 558 372** | **-** | **(17 833 111)** | **130 725 261** |
| Isamba Sangempela Esitatimendeni | (105 067 766) | - | (1 767 137) | (106 834 903) |
| **Sokuphuma nokungena kwemali.** | **43 490 606** | **-** | **(19 600 248)** | **23 890 358** |